

# USuku IweNkululeko

Connie Makgabo  
Sibusiso Khumalo



---

Lapha eNingizimu Afrika uSuku IweNkululeko  
zingama-27 kuMbasu luyiholide.

Le ndaba ixoxa ngalo lolu suku.

Uzofunda ngomlando walo nokuthi kungani  
lubalulekile.



Ngonyaka we-1994 mhla zingamashumi amabili nesikhombisa kuMbasu iNingizimu Afrika yathola inkululeko.

abantu abansundu bavota okokuqala okhethweni lwentando yeningi.


Sagubha ukuphela kobandlululo nokuqala kombuso wentando yeningi.



Umbuso wentando yeningi uhlelo oluvumela noma ngubani onobudala obufanele ukuvota.

Abantu bavota okhethweni ukuze bakhethe abaholi kanye nohulumeni.

Ngesikhathi sobandlululo, uhulumeni waseNingizimu Afrika wayengabavumeli abantu abansundu ukuba bavote.



Amaqhawe amaningi ayelwa nobandlululo alwa nalo hulumeni.

UNelson Mandela nguyena oyiqhawe elaziwayo elalwela inkululeko. Walwela amalungelo alinganayo kuwo wonke umuntu waseNingizimu Afrika.


Ngenxa yokulwela amalungelo abantu umbuso wobandlululo wamvalela ejele iminyaka engamashumi amabili nesikhombisa.



Mhla zingamashumi amabili nesikhombisa kuMbasu ngonyaka we-1994, abantu baseNingizimu Afrika babemi emigqeni okukoqala kuzo zonke izikhungo zokuvota ezweni lonke.

Isikhungo sokuvota yindawo lapho abantu bevota khona.

Uma sivota sikhetha abantu esifuna babe abaholi bombuso.




Bonke abantu babekujabulele ukuvota okokuqala  
bevotela uhulumeni wentando yeningi.

Imigqa yayilokhu yeluleka nje.

Ilanga laliqhube ka nokushisa.

Kodwa bonke abantu babejabule ngoba babezizwa  
bekhululekile.




U-Nelson Mandela wayejabula kakhulu uma  
ekhumbula lolu suku.

Wayengakhohlwa abantu bemi imigqa emide  
ezitaladini.

Wayekhumbula abantu abaningi belinde ukuvota  
okokuqala ngqa okhethweni olukhululekile.

Wayehlale njalo elukhumbula lolu suku.



Wonke umuntu waseNingizimu Afrika oneminyaka eyi-18 nangaphezulu wayevumelekile ukuvota.

Ezweni lonke, sasimi emigqeni ngesineke silinde ukungena ezikhungweni zokuvota.

Sama kwaze kwahlwa silinnde ukuthi wonke umuntu osemgqeni avote.



Zathi zingavalwa izikhungo zokuvota kwase kuqala ukubalwa kwamavoti.

Kwase kuyisikhathi sokuthola ukuthi abantu bafuna iNingizimu Afrika iholwe ngubani.


Kwavota abantu abalinganiselwa kuzigidi ezingamashumi amabili bevotela uhulumeni omusha.



Iqembu elathola amavoti amaningi kwaba i-ANC.

Iyona eyanqoba ukhetho lokuqala lwentando yeningi ihamba phambili.

U-Nelson Mandela owaye ngumholi we-ANC waba nguMongameli wokuqala wombuso wentando yeningi eNingizimu Afrika.



Uhulumeni omusha wamisa lolu suku lomhla zingamashumi amabili nesikhombisa kuMbasu lwaba yiholide ukuze abantu baseNingizimu Afrika balukhumbule minyaka yonke.

Sikhumbula ukuzuza umbuso wentando yeningi nemithetho emisha.

Lolu suku silugubha ngokubuthana ezinkundleni zemidlalo emicimbini ekhethekile. Silugubha ngomculo, izinkondlo nezinkulumo.



Siphinde sihloniphe namaqhawe ethu alwela inkululeko.

Sigubhe nokuqedwa kobandllulo nokuthi wonke umuntu unelungelo lokuvota.

Sithembisa ukuqinisekisa ukuthi wonke umuntu uyalingana futhi ukhululekile. Lowo ngumbuso wentando yabantu.



Ukhetho eNingizimu Afrika luhlelwa yinhlango  
ezimele i-*Independent Electoral Commission (IEC)*.

Le nhlango iyona eqinisekisa ukuthi ukhetho  
"lukhulekile futhi luhamba ngendlela eyiyo." Ngabe  
ucabanga ukuthi kusho ukuthini lokho?

Funda kabanzi nge-*Independent Electoral Commission*  
(ungafunda okuningi ngabo kuyi website yabo).

## —Imibuzo

1. Kwenzekani eNingizimu Afrika mhla zingamashumi amabili nesikhombisa kuMbasu ngonyaka we-1994?
2. Ngubani ovumeleke ukuvota embusweni wentando yeningi?
3. Kungani umhla zingamashumi amabili nesikhombisa kuMbasu uwusuku oluyiholide?
4. Yini umbuso wentando yeningi?
5. Ngubani umongameli wokuqala wombuso wentando yeningi eNingizimu Afrika?
6. Kusho ukuthini ukuba ‘namalungelo alinganayo’?
7. Yiziphi izinto ongakhululekile ukuzenza esikoleni sakho? Kungani?
8. Ngaphandle kokuhlela ukhetho, yimuphi omunye umsebenzi owenziwa yiKhomishane Yokhetho Ezimele?

## —Izincwadi ezikulolol chungechunge

- USuku IweNkululeko
- USuku IwamaGugu
- USuku IwamaLungelo Abantu
- USuku IokuBuyisana
- USuku IwaBesifazane
- USuku IwaBasebenzi
- USuku IweNtsha

---

Le ncwadi ibhalwe ngolimi lweSepedi  
njengenye yezinsiza zokufunda zeprojekthi  
yeZenex Ulwazi Lwethu ngonyaka wezi-2020.



Ulwazi Lwethu is a Zenex Foundation funded and initiated project to develop a series of graded and leisure African language readers and teacher support materials. This project is targeted at teaching and supporting learners in the Foundation Phase to improve their home language reading and understanding. The readers have been originated in nine African languages in collaboration with Molteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, and Saide. All resources are developed as Open Education Resources (OER).



**basic education**  
Department:  
Basic Education  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

*The Ulwazi Lwethu readers and storybooks have  
been quality assured and approved by DBE.*

Your attribution should include the following:

**Title:** USuku IweNkululeko  
**Author/s:** Connie Makgabo  
**Translator/s:** Zanele Ndlovu  
**Illustrator/s:** Sibusiso Khumalo  
**Assurer/s:** Zanele Zuma  
**Language:** isiZulu



© Zenex Foundation - Saide 2025 (Updated Edition)

CC BY includes the following elements:  
BY – Credit must be given to the creator

